USHWELE WEZIBHAMU 2020/2021
Ithuba okungamele likudlule!

IMIHLAHLANDLELA
KASHWELE WEZIBHAMU

UNgqongqoshe Wezamaphoyisa usememezele isikhathi sikashwele wezibhamu esiyizinyanga eziyisithupha (6) kusukela mhla lu-1 Agasti 2020 siphele mhla zingama-31 Januwari 2021, ngokufaka isazizo Kwigazethi Kahulumeni.

Isikhathi sikashwele sinikeza amalungu omphakathi ithuba lokunikeza Uphiko Lwezemisebenzi Yamaphoyisa AseNingizimu Afrika izibhamu ezingadingeki noma izibhamu abanazo ngokungemthetho, kanjalo nezinhlamvu kanye/noma izingxenye zesibhamu ngaphandle kokwesaba ukushushiswa ngenxa yokuba nalezi zinto ngokungemthetho.

Izinjongo zesikhathi sikashwele ukunciphisa indathane yezibhamu nezinhlamvu kanye nezingxenye zezibhamu ezingekho emthethweni/ezingafuneki ezigcwele izwe lonke.

Umuntu onikezela ngesibhamu sakhe ngesikhathi sikashwele kuyodingeka agcwalise aphinde asayine amafomu afanele esiteshini samaphoyisa esiseduze futhi kumele aqiniseke ukuthi uyayithola ikhophi ye-SAPS 548 (ifomu kashwele).

NGEMININGWANE EYENGEZIWE, SICELA UTHINTANE NESITESHI SAMAPHOYISA SANGAKINI NOMA USHAYELE INOMBOLO YESIKHUNGO SEREGISTA ENKULU YEZIBHAMU,
I-CENTRAL FIREARMS REGISTER (I-CFR) KU-012 353 6111.
BIKA INKOHLAKALO KU-0800 701 701

Ngokwesigaba se-139(4)(a) Somthetho Olawula Izibhamu, Umthetho we-2000 (Umthetho wama-60 we-2000) umuntu onikezela ngesibhamu sakhe ngokuhambisana nesaziso esishicilelwe ngokwesigatshana soku-(1), angafaka isicelo sezincwadi zaleso sibhamu ngokwalo Mthetho.

Isicelo njengoba kubalulwe esigabeni se-139(4)(a) angeke sasebenza kulezo zibhamu ezingekho emthethweni uma bungeke bavezwa ubufakazi obubonakalayo bowalowo owayengumnikazi waso ngaphambilini.

Umuntu ofaka isicelo sezincwadi zesibhamu njengoba kubalulwe ngenhla, kumele ahambisane nokuhlinzekwa yilo Mthetho okumayelana nokukhishwa kwezincwadi zesibhamu, okubandakanya lokhu okulandelayo:

» Inani eliphansi lezibhamu lezigaba ezehlukene umuntu angabanazo ngokomthetho

» Ofaka isicelo kumele kube unesitifiketi sekhono esisemthethweni sesibhamu afaka isicelo sezincwadi zaso

» Umuntu ofaka isicelo sezincwadi zesibhamu kudingeka ahambise isibhamu ngokwakhe asinikeze Isikhulu Sikashwele Esigunyaziwe, bese edlulisa isicelo esikhathini esiyizinsuku eziyi-14.

Isicelo sezincwadi zesibhamu kumele sihanjiswe Esikhulwini Sikashwele Esigunyaziwe esibhekele indawo okuvame ukuhlala kuyo lowo ofake isicelo, futhi kumele sihambisane nalokhu okulandelayo:

» Ikhophi esethifayiwe yesitifiketi sekhono salowo ofake isicelo (uma ngabe sesikhona).

» Uma lowo ofake isicelo engenaso isitifiketi sekhono, kumele afake isicelo sesitifiketi sekhono ngokuhambisana nalokho okuhlinzekwa Umthetho Wokulawulwa Kwezibhamu.

» Ukugcwalisa ifomu SAPS 271 lapho ofaka isicelo aveza khona inhloso yakhe yokufaka isicelo sezincwadi zesibhamu sohlobo oluthile. Isicelo sezincwadi zesibhamu ziyomukelwa kuphela Yisikhulu Esigunyaziwe Sikashwele ngemibandela yokuthi sihambisana nokuhlinzekwa Umthetho Olawula Izibhamu.

» Ukuhlinzeka ngencazelo ephelele ukusekela isizathu sokudinga izincwadi zesibhamu, kungakuhle uyibhale njengesitatimende esifungelwe noma esiqinisekisiwe.

» Ukuhlinzeka ngekhophi esethifayiwe yezincwadi zesibhamu esisemthethweni, igunya noma imvume emayelana nalolo hlobo lwesibhamu (uma ikhona).

NGEMININGWANE EYENGEZIWE, SICELA UTHINTANE NESITESHI SAMAPHOYISA SANGAKINI NOMA USHAYELE INOMBOLO YESIKHUNGO SEREGISTA ENKULU YEZIBHAMU,
I-CENTRAL FIREARMS REGISTER (I-CFR) KU-012 353 6111.
BIKA INKOHLAKALO KU-0800 701 701